Isolezwe

25 January 2016

Page 13

# Isomiso sibalimaze kakhulu abalimi nabafuyi kuleli

**ISOMISO esidlangile sihlasele wonke umuntu kepha kubalimi nabafuyi bezilwane zobisi nezenyama sibalimaze kakhulu ngoba balahlekelwa yimali abayifake kulo msebenzi. Abafuyi bezinkomo sebeyahluleka ukuthengisa izinkomo ngemali ezobanika inzuzo ngenxa yokuzaca kwazo, kuloba uSHEREE BEGA**

UPOGISO Mfathi ubonakala engathi uyafifiyela uma ebuka umhlambi wezinkomo zakhe ezizacile zingena esikalini. Uze lapha ukuzozama imali endalini yasesidlangalaleni, kepha izinkomo zakhe eziboqokile ezinezimbambo ezisobala zibonakala zibangwa nezibi.

Kubonakala ingeningi imali azoyithola. Lezi zinkomo zakhe eziqhoshe amathambo esikhumbeni, zishaya cishe u-376kg esikalini kanti iyodwa iyobe inenhlanhla uma idayise ngoR3000.

Akusizi, kusho uMfathi (64) eziphuzela ikhofi lakhe eselize laphola kule ndali eseSwartruggens eduze kwaseRustenburg engezinye zezindawo ezihlaselwe yisomiso.

Njengoba umhlambi wakhe sewubulawa yindlala, awusabizi mali etheni. Uphawu olubekwe ngaphandle kwalapho kushaywa khona indali ubhalwe ukuthi: "Red meat is die kos", okuhumusheka ngokuthi "Inyama ebomvu yikona kudla".

"Ngaphambi kwalesi somiso bengikwazi ukudayisa izinkomo zami ngoR8000 noma ngaphezulu. Kodwa ngiyazi kunabafuyi okubabhedela kakhulu kunami," kusho uMfathi.

Kuleli dolobha elincane laseNorth West, elidume ngamathafa alo namagquma aluhlaza, lesi somiso esimbi kunazo zonke ezike zabonakala kule minyaka engu-23, sishiye amapulazi anjengakaMfathi esenkingeni.

UMfathi uchaza esinye isigameko lapho aphoqeka khona ukuthi aphisane ngezinkomo zakhe eziyisithupha komunye umlimi waseGroot Marico eseduzane kuleli sonto.

"Ngizozenzani?," esho enyakazisa amahlombe sakudikibala.

"Anginakho engingazinika khona ukuthi zidle. Ziyafa... Ngithandazela imvula kodwa akukho mvula la eSwartruggens."

Kulezi zinyanga ezinhlanu, ompompi bomile eSwartruggens ebalwe nguMasipala iKgetlengrivier njengendawo yenhlekelele, nenye indawo engumakhelwane iKoster ngonyaka odlule. Izakhamizi ezingu-20 000 zidinga amanzi okuphuza, kanti izinkulungwane zezilwane ziyafa.

Omunye umlimi uLouis Visser uyigqolozele ngamehlo akhe aluhlaza eyokudayiswa kwezinkomo esidlangalaleni.

"Lezi zinkomo zizacile. Akufanele ngabe zibukeka kanje. Izinkomo ezikhuluphele, zithola imali enhle, yilokho okufunwa yizilaha. Kodwa ziyimvelakancane manje. Lezi zinkomo ezizacile intengo yazo iphansi ngoba ubani umuntu ofuna inkomo ezacile ngoba awazi ukuthi imvula elandelayo izona nini? Uzoyinikani ukuthi idle? Abalimi bethu babhekene nengwadla. Badayisa izinkomo zabo namankonyane, ngoba kuzofa emapulazini," kusho uVisser (76).

Yena ube nenhlanhla, ulethe izinkomo ezimbili ezicebile kodwa usakhathazekile.

Emuva kwakhe kuneSwartruggens Dam eyome khweqe. Abalimi sebethembele kumapitsi.

"Uma kuqhubeka kanje namapitsi azokoma," kusho uVisser.

Esitolo sakule ndawo kunophawu olukhangisa ngamanzi asemabhodleleni. Namuhla ithimba elivela kwi-Operation Hydrate, okuyinhlangano kazwelonke yomphakathi ezama ukusiza kule nkinga yesomiso, ezifundazweni ezinhlanu ezinenkinga, lilethe amanzi angu-60 000 litres.

Ngesonto eledlule bafike bashiya amanzi angu-30 0000 litres, ikakhulu elokishini iBorolelo engenamanzi.

"Sithathe isinqumo sokuphindela eSwartruggens kulandela isikhalo somphakathi nemeya (uKim Medupe)," kusho uYusuf Abramjee, we-Operation Hydrate.

"Isidingo sikhulu. Abantu bayawadinga amanzi aphuzwayo. Uhulumeni usicelile ukuthi siqhubeke nosizo," kusho u-Abramjee.